# UKUBHALISA KANYE NEMININININGWANE YOMNTWANA OSHONILE

Sizwelana kanye nawe ekushoneni komntwana wakho sethemba ukuthi lolulwazi esikupha lona lizokusiza ekubhaliseni kanye namalungiselelo omngcwabo.

Njengokuba umntwana wakho eshonele ePietermarizburg kuzofanele umbhalise khona lapha. Hayi lapho usuka khona. Sicela usasize uma umzimba womntwana uzowudinga ngokushesha ngoba kunzima ukuwukhipa ngezimpelasonto noma emuva kwehora lesine.

Kunamafomu amabili abalulekile ukuze ukwazi ukubhalisa nokungcwaba umntwana.

- ★ B1- 1663 - Eyokubhalisa ukufa.
- ★ B1- 14- Eyokungcwaba

**Ifomu yokubhalisa ukufa**:
Lena igcwaliswa ngudokotela futhi iyatholakala emakhazeni sicela lefomu niyilande ngokushesha ukuze nifike kungakavalwa kwandabazabantu (Home Affairs) ngaphambi kwehora lesibili. Qikelelani ukuthi umuntu olanda isidumbu sengane kube nguyena futhi ozoyibhalisa e Home Affairs.

**Ifomu yokungcwaba**:

- ➢ Itholakala e Home Affairs (Church Street) Bazokunika ifomu yokungcwaba kanye nesitifikethi sokufa kwengane.

- ➢ Abangcwabi bangakusiza uma kuvaliwe e Home Affairs uma ufuna ukungcwaba masinyane kodwa kusafuneka ukuba ubhalise ingane yakho.

NB: E Home Affairs uma ufuna ukuthola isitifikethi sokushona noma ngabe sewuyingcwabile. Naku okudingayo ukuze uthole ifomu yokungcwaba.

- ✓ Ipasi lakho (uma ungenalo yenza iaffidavit emaphoyiseni.)
- ✓ B1-1663
- ✓ Incwadi yesiqiniseko sokushona itholakala e-labour ward.

**Ukukhishwa kesidumbu somtwana:**
Uma uyitholile ifomu yoku ngcwaba e Home Affairs hamba uye e Greys Hospital emakhazeni ukuze bakunike isidumbu somntwana. Uma uzosilanda ngemoto yakho umshayeli kufanele aphathe ifomu B1-14. Isibhedlela ngeke sikwali ukukuthathela isidumbu nge ambulence. Uma isidumbu singalandwa kuze kuphele inyanga siyo ngcwatshwa uhulumeni.

Siyabonga